



# education

Department:  
Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL  
SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2009**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora amabili (2)**

**Leli phepha linamakhasi ayi-6.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Leli phepha lehlukaniwe iziqephu EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Indaba (40)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (20)  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo. Mababhale basebenzise ulimi abahlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Abahlolwayo mababhale uhlaka ekhasini lephepha labo lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka).
6. Abahlolwayo bayayalwa ukuba basebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:  
ISIQEPHU A: amaminithi angama-60  
ISIQEPHU B: amaminithi angama-30  
ISIQEPHU C: amaminithi angama-30
7. Abahlolwayo mabangaziguquli izimpendulo zemibuzo. Mabazibhale njengoba zinjalo ephepheni.
8. Nikeza indaba yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa kubalwa amagama okuqukethwe kuphela.
9. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.  
Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:  
ISIQEPHU A: Bhala amagama ayi-150 – 180. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa.  
ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa imiyalezo ube ngamagama ayi-60 – 80.  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-40 – 60.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.

- 1.1 *Kuhle ukonga imali ngokuhlanganyela (joint savings).* Bhala indaba ngalesi sihloko. [40]

**NOMA**

- 1.2 Bheka isithombe esilandelayo ubhale ngaso indaba. Yiphe isihloko esiyifanele indaba yakho.



[40]

**NOMA**


- 1.3 Mhla siphucwa (hijack) *imoto empambanweni yemigwaqo sihamba nabazali.* Bhala indaba ngalesi sihloko. [40]

**NOMA**

- 1.4 Bhala indaba ngesihloko esilandelayo: *Sasiyoba yini ukube umalume wayengekho.* [40]

**NOMA**

- 1.5 Bhekisisa isithombe esilandelayo ubhale indaba ngaso, ubhekise ebudedengwini (carelessness) bentsha (youth) bokuziphatha emicimbini.



[40]

**NOMA**

- 1.6 Njengoba usuqeda leli banga lokufunda mfundi, ungakhohlwa ukuthi into oyenzayo uzenzela wena. Bhala – ke indaba esihloko sithi: *Into engiyenzayo ngizenzela mina.* [40]

**NOMA**

- 1.7 Umabonakude (television) uthatha isikhathi esiningi sabafundi ntambama okwenza ukuthi umsebenzi wesikole usalele emuva. Bhala indaba ezocebisa abafundi ukuthi basihlele kanjani isikhathi sabo sokwenza umsebenzi wesikole ukuze baphumelele. [40]

**NOMA**

- 1.8 Bhala indaba ngezikhukhula (floods) ezashiya abantu bengena lutho. Nikeza indaba yakho isihloko esiyifanele. [40]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 40**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE****UMBUZO 2**

Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 2.1 Uthenge ifriji esitolo esithile. Kuthe uma sebeyidiliva (deliver) baletha okungesiyo lena oyikhethile. Baletha enye nje. Bhalela imenenja **incwadi** uyitshela ngaleli phutha (mistake) elenziwe yisitolo sakhe. [20]

**NOMA**

- 2.2 Nihleli ekilasini lika-Grade 12 aninazincwadi. Anikwazi ukuthola izincwadi zokufunda. Nivumelene ukuthi kungcono nibhalele uthishanhloko ngale nkinga. Bhala **indabambiko** uyithumele kuThishanhloko (principal). Cabanga ngalokhu okulandelayo:

- Sekuyisikhathi esingakanani ningakazitholi izincwadi.
- Bangaki abafundi abangakazitholi izincwadi.
- Zincwadi zini eningakazitholi.
- Kubaluleke ngani ukuthi lezi zincwadi nizithole.
- Unyaka ushambe kangakanani ningenazo.
- Kungaba yini umphumela wokungabi nazo lezi zincwadi. [20]

**NOMA**

- 2.3 Ucelwe yimenenja yenkampani oyisebenzelayo ukuba wethule inkulumo emcimbini wokuhalalisela omunye enisebenza naye ngokukhushulelwa esikhundleni esiphezulu emsebenzini. Bhala **inkulumo** ozoyethula kulo mcimbi. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE****UMBUZO 3**

Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 kuya kwangama-60.

- 3.1 Uthole itoho (temporary job) embonini eyenza omakhalekhukhwini (cellphones). Kunefoni entsha efikile eyenza cishe konke umuntu akudingayo. Uceliwe-ke ukuthi wenze **isikhangiso** esizosetshenziswa ephephabhukhwini elithile, salo makhalekhukhwini (cellphone). [20]

**NOMA**

- 3.2 Usuneminyaka emithathu ungasebenzi. Uze wawolontiya ukuyosebenza emaphoyiseni. Thumela **ifeksi** emaphoyiseni usho ukuthi ukujabulele ukusiza lapho. Dweba ifomu yefeksi encwadini yakho ubhale umlayezo. Sebenzisa lesi sibonelo:

Iya kubani (To):	
Umnyango (Department):	
Inombolo yefeksi (fax no.):	
Inombolo yocingo (Tel. No.):	
Ibuya ku (From):	
Inombolo yokuxhumana (Contact):	
Inombolo yamakhasi (no. Of pages):	
Usuku (Date):	
Umyalezo:	

Uma ubhala umlayezo kufeksi yakho cabanga ngala maphuzu alandelayo:

- Bhala into ekwenze ukuthi uvolontiyi.
- Okufundile ngenkathi usebenza.
- Ulwazi olutholile lungakusiza kanjani esikhathini esizayo.
- Okuthandile ngalo msebenzi.

[20]

**NOMA**

- 3.3 Ufike eminyakeni engama-21 usaziphethe kahle. Ekhaya bafuna ukukwenzela idili lokukubonga bakukhulise. Wena kufanele umeme abangani kanye nezihlobo. Bhala-ke **ikhadi lesimemo** umeme abantu ofuna beze edilini (party) lakho. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20****AMAMAKI ASEWONKE: 80**